IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuphendula imibuzo.
2. QAPHELA ukuthi izimpendulo zakho zihambisana nemiklomelo yombuzo ngamuye.
3. Bhala izinombolo zezimpendulo zakho ngale ndlela ezibhalwe ngayo emibuzweni.
4. Bhala ngesandla esibonakalayo.
5. Qala ISIQEPHU NESIQEPHU ekhasini ELISHA.
6. Kulindeleke ukuba uliphendule lonke leli phepha.

ISIQEPHU A: IZINDABA EZIMFUSHANE

UMBUZO 1: IZINYEMBEZI ZOTHANDO D.B.Z. NTULI

Insimbi edla ezinye M.J. Mngadi

1.1 Funda lesi siqephu bese uphendula imibuzo elandelayo ngemisho ephelele.

"Udumo luyadakana njengombuso mfo kaMbulawa. Nomseshi wakho lona othi umethembile," emkhomba ngokunqekuzisa ikhanda, " ubulawa yilona. Wazi ukuthi uyena kuphela umasheshisa ekusombululeni izinkwalankwala. Manje usuyamgebhezelisa umona novalo lokuthi yimina namumhla **engizophendula amatafula**. Wenza amacebo okungixosha. Kanti ukhe phansi. Ngiyakwethembisa Mbulawa ukuthi umklomelo ngowami. Ungabe uqala ukungibhalela isheke, ungivulela nebhuku elisha ebhangi uma uthanda. Iphunga lombulali selizwakala ekhaleni. Ingathi base bazi nabangetha ngelika Dukuza Mkhondo."

Waphenduka uSiphiwe esethi uyahamba. Yamumisa ngokumcela uxolo insimb'edl'ezinye . "Uthini?"

"Njengoba wazi ukuthi kunamakhulu ezinkulungwane uma kungasesona isigidi okufanele umshwalense wakwethu uzikhokhe njengoba sishiywe umama ngale ndlela, mina njengofokisi wawo kumele ngingethembi muntu, ngisho wena ndodana kamama uqobo. Inhliziyo yami manje isingitshela ukuthi lesi sethenjwa sakho somseshi ozimele sinolwazi ngalobu bugebengu, yingakho nje sesizama ukungixosha. Okwamanje ngisenza umsolwa wokuqala. Ngicela ungaphatheki kabi uma ngiqala ngokuphenya sona. Ngiyeza esisebenzini, nakuwe nodadewenu. Bobathathu uMkhondo bambuka ngamehlo okushaqeka. Nokho, bawaqinisa funa basoleke. U-Andile akaphikisananga nesicelo somseshi. USiphiwe owanengwa, wamhlahlela amehlo ebuza ethi, "Ucabanga ukuthi ngingabulala umama? Akuyona inhlamba leyo?"

1.1.1 Ikwabani isibongo salo muzi okugcwele abaseshi kuwo? (1)

1.1.2 Lo muzi okuhlanganwele kuwo ukuliphi ilokishi? (1)

1.1.3 Ubani igama nesibongo somseshi oshaywa luvalo? (2)

1.1.4 Uchaza ukuthini uMkhondo uma ethi igama lakhe lihambisana naye kule ndaba? Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)



Pheqa ikhasi

1.1.5 Ngumabani lo mama obulewe kulesi siqephu? (1)

1.1.6 Chaza lesi simo sokukhuluma esilandelayo:

1.1.6.1 Ukuphendula amatafula (2)

1.1.7 Bamthola kanjani umbulali walo mama owayebulewe lapha? Chaza ngamaphuzu AMATHATHU.

(3)

1.1.8 Yisiphi isifundo esisithola kule ndaba? Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.1.9 Qondanisa loku okusohleni A nohlu B

| Uhlu A | | Uhlu B |
|---|---|---|
| 1.1.9.1 | Max Mason | a) Intombazane eyayihlala nomama kaSiphiwe. |
| 1.1.9.2 | UTholakele | b) Intatheli yephephandaba |
| 1.1.9.3 | uZunyiwe | c) Owesifazane owayehlangene noMkhondo |
| 1.1.9.4 | uCebo Dlamini | d) Umseshi owabopha u-Andile |

(4)

**[18]**

1.2 Funda lesi siqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo ngemisho ePHELELE.

Ingcebo yezicebi nezimpofana – M.J Mngadi

"Thina sasicabanga ukuthi nizoganana ngoba kwaba wubudididi kwenziwa amalungiselelo uzofika, ethi kuza indlovukazi yekhaya ayezoyibusisa ngombuso wasezulwini isesemhlabeni."

" Mina ngizizwa ngisemalahleni asesihogweni, ngisembusweni." Babuyela endlini wayizeka indaba. Uzongifuya kulo mbuso wakhe. Okuyikhona osekungiphatha kabuhlungu yilungelo anginika lona lokuba ngibuse nganoma yini kule nsimu yakhe yaseYideni ngaphandle kokukodwa vo – ukuba ngingalokothi ngicabangele ngasekumthandeni ngoba akanasikhathi. Nakuba enalo ilungelo lokungangithandi, uthini ngelami lokumthanda? Uthi ngingahlala kanjani ngingamthandi engenzela okuhle?" Wasukuma wafaka ikhasethi emshini wokuwadlala. Bayibuka **ecweba izinyembezi**. Kuyo babemi belinganisene noMcCall, befanelene. Yayingeyomcimbi wokugujwa kweminyaka eyishumi yavulwa ibha yodumo, iLadies Bar, eMcCall `s Haven.

Pheqa ikhasi

| |
|---|
| Namuhla wayehlonishwa ngokuqanjwa kwale bha ngegama lakhe iba yiValerie Ladies Bar. Ebucwazicwazini obabulapho babegqoke beconsa no McCall izingubo zomcimbi ayemthengele zona uMcCall ezibiza ngezothando. Nokho, okungaqondakali ngothando ayelusho ukuthi ngabe kwakuwuthando lwangempela noma kwakuwuthando nje lwakhe ngoba embona eyisilomo sasebha esasiyiwozawoza elalimdonsela abathengi. |

1.2.1 Ubani igama likaMcCall okulesi siqephu? (1)

1.2.2 Caphuna umusho okhombisa ukuthi umbhali uyayazi inkolo yobuKrestu kulesi siqephu. (2)

1.2.3 Umcimbi wani lo ababewubuka lapha oValerie? Chaza ngephuzu ELILODWA. (1)

1.2.4 Yisiphi isizathu esenza ukuba uMcCall aqambe le bha nge Valeries Ladies Bar? Sekela ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.2.5 Yiziphi izinto EZIMBILI ababefana ngazo oMcCall no Valerie? Zibhale zibe MBILI umuntu emunye. (2)

1.2.6 Chaza lesi simo sokukhuluma esilandelayo.

1.2.6.1 Ukucweba izinyembezi (2)

1.2.7 Kungani uValerie ethi, "Mina ngizizwa ngisemalahleni asesihogweni, ngisembusweni." Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.2.8 Ukube wena wawunguValerie wawuyokuthokozela yini ukuba kulo mbuso? Sekela impendulo yakho. (3)

1.2.9 Khetha impendulo efanele ezikokeleni.

1.2.9.1 Owesifazane owayeqashelwe ukuhlala no Valerie (Thulisiwe Nkwanyana, uThulisiwe Luthuli, Thandekile Luthuli) (1)

1.2.9.2 Isoka likaValerie u(Richard, Max, George) (1)

**[17]**

**ISAMBA SESIQEPHU A :35**

ISIQEPHU B: IDRAMA

UMBUZO 2 KUSA KUSA S.P. NHLEKO

2.1 Funda lesi siqephu bese uphendula imibuzo elandelayo NGEMISHO EPHELELE.

(UVusi ubonana noSfiso noSiphamandla izinsizwa ayefesa nazo edolobheni.)
**Vusi**: (Ekhombisa ukujabula.) Ayisazani bafowethu. Lokhu yagcinana egalaji.
**Sifiso**: Kunjalo mfowethu kade yagcinana.
**Vusi**: Injani kodwa impilo?
**Siphamandla**: Hhayi, sisancenga thina singezwa kuwena.
**Vusi**: Ziyabheda madoda izinto ngakimi.
**Siphamandla**: (Ebeka phansi izimpahla aziphethe .) Yini sekwenzenjani nsizwa?
**Vusi**: Seyize yangala phela le ntokazi ebengihlekisana nayo.
**Siphamandla**: (Ngokudangala) Hawu! Kwaze kwabuhlungu-ke mfo lokhu ositshela kona.
**Sifiso**: Ikwalele ukuthi awukawutholi umsebenzi?
**Vusi**: Yiso Kanye isizathu leso.
**Sifiso**: Iyabheda. Engathi ngingake ngiyibone. Ngingayitshela iswele umgodi wokucasha.
**Vusi**: Nami angisazi ukuthi kumele ngenzenjani.
**Siphamandla**: Hhayi, bekezela ndoda sekuzolunga. Mhlawumbe yiyo ebikuvala nje ungawutholi umsebenzi, kwazi bani?
**Sifiso**: Ngempela, akukho okwedlula ukubekezela.
**Vusi**: Iphi le enye insizwa enaqashwa nayo?
**Siphamandla**: O! Usho uSenzo? Lowo wadlala ngomsebenzi esewutholile
**Vusi**: Wenzani?
**Sifiso**: Waganga khona lapha emsebenzini.

2.1.1 Bakuphi laba abakhuluma kulesi siqephu? (1)

2.1.2 Bahlobene kanjani laba abakulesi siqephu? (1)

2.1.3 Ubani igama lentombi eyale uVusi? (1)

2.1.4 Yiziphi izizathu EZIMBILI ezadala ukuthi uVusi aliwe? (2)

2.1.5 UVusi wayefesela umsebenzi wokwenzani nalezi zinsizwa? (1)

2.1.6 Wadlala kanjani uSenzo ngomsebenzi? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.1.7 Yini le abezoyixoxela uZenzile njengoba emvakashele? (2)

2.1.8 Wagcina ewutholile yini uVusi umsebenzi? Chaza ngamaphuzu AMANE (4)

2.1.9 Chaza lesi simo sokukhuluma:

2.1.10Intokazi ebengihlekisana nayo

2.2.10 Tomula umusho ofakazela ukuthi uSiphamandla uyasebenza. (2)

2.2.11 Ngesikhathi beyofesa oVusi nalezi zinsizwa, bakhethwa kanjani ababezothola umsebenzi. Chaza ngamaphuzu amabili. (2)

2.2 Funda lesi siqephu bese uphendula imibuzo elandelayo NGEMISHO EPHELELE.

(*Ntambama esibhedlela ewodini okulele kulo uZenzile noSebenzile, kukhona noFakazile beNomcebo bazobabona.*)

**Fakazile**: (*Ngomoya ophansi*) Sezinjani kodwa izinhlungu mantombazane?

**Zenzile**: (*Ekhulumela phansi.*) Akukho bungcono lapha kimi. Ngisazizwa izinhlungu. Ngilimale kakhulu lapha emgogodleni.

**Sebenzile**: (*Ngezwi eliphansi.*) Nami ngisazizwa izinhlungu ngoba sengathi kunethambo eliphukile lapha engalweni yami.

**Nomcebo**: Kwabuhlungu lokho. Pho udokotela uthini uma enihlola?

**Zenzile**: Kimi bathe ake kudambe izinhlungu. Bese beyabona-ke ukuthi ngiyahlinzwa noma cha.

**Fakazile**: Kuwe Sebenzile batheni?

**Sebenzile**: Bathe uma singalungi isandla sami sizonqunywa.

**Nomcebo**: Empeleni le ngozi yenzeke kanjani?

**Sebenzile**: Mina ngeke ngikutshele lutho. Ngizwe sekuwubuhlaphahlapha. Angazi noma uZenzile ubonile yini ngoba ubehleli phambili.

2.2.1 Obani ABABILI abavakashe esibhedlela lapha? (2)

2.2.2 Lesi sibhedlela sikuliphi idolobha? (1)

2.2.3 Yini le ebangele ukuthi oZenzile bagcine besesibhedlela? (2)

2.2.4 Le ngozi yenzeka kuliphi idolobha? (1)

2.2.5 Kwagcine kwenzekeni kuZenzile noSebenzile emva kokubona udokotela. Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)



Pheqa ikhasi

2.2.6 Yisiphi isifundo esisifunda kule ncwadi uma sibhekisa kuZenzile. Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.2.7 Babengobani amagama abesilisa ayesemotweni eyalimaza oSebenzile? (2)

2.2.8 Isihloko sale ndaba sihambisana kanjani nendaba uma ubheka uZenzile noVusi. (3)

2.2.9 Phendula le mibuzo ngokuqondanisa lokhu okusohleni A nokusohleni B. Bhala uphawu KUPHELA.

| Uhlu A | Uhlu B |
|---|---|
| 2.2.9.1 uNomcebo | a) induna yasegalaji. |
| 2.2.9.2 uSifiso | b) Umnikazi wepulazi |
| 2.2.9.3 uMthiyane | c) Insizwa eyayifesa noVusi. |
| 2.2.9.4 uShabalala | d) Wayofundela ubuhlengikazi. |

(4)

**ISAMBA SESIQEPHU B: 35**

**ISAMBA SESISONKE: 70**